

USARS ukhathazekile ngesinye futhi isiSebenzi seNtela esigwetshelwe ukungathobeli imigomo yeNtelantengo (i-VAT)

Tshwane, 21 kuNhlaba 2021 – ENkantolo kaMantshi eBloemfontein, isiSebenzi seNtela, ebesizama ukubalekela ukuvela enkantolo okokuqala kodwa sase sibuye siboshwa, sigwetshwe izinyanga ezingama-24 sibhadla ejele kodwa ezilengiswe iminyaka emithathu ngamacala angama-48 e-VAT. Lokhu kuza emva kokuboshwa kukaMnu Luvhengo mhla ziyi-9 kuMandulo kowezi-2020, emva kokuhluleka kwakhe ukuvela phambi kwenkantolo okokuqala okwakhulelwe umhla zingama-31 kuNtulikazi kowezi-2020. Wanikwa ibheyili.

Lawa macala okungathobeli enziwa ngenkathi isiSebenzi seNtela uRitondeni Luvhengo kuyiso esasingethe izindaba zentela zenkampani yokwakha.

ULuvhengo ubebhekene namacala angama-24 ngokuhluleka ukudalula amaqiniso afanele ngamaphepha okubuyiswa kwentelantengo i-VAT 201 eyathunyelwa kwaSARS.

Wathumela amaphepha ayeveza ukuthi ayikho intelantengo angama-24 e-VAT 201 kwaSARS ngaphandle kwemvume yekhasimende lakhe ukuze athole isiTifiketi seNtela sobuMsulwa i-Tax Clearance Certificate.

Ngenxa yalokho, ummangalelwa wabuye bathweswa amacala angama-24 okwenza izinto ngaphandle kwemvume nokugunyazwa yikhasimende lakhe.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthi, “USARS angeke umelane nabakhokhintela nabasebenzi bentela abangayithobeli imigomo yentela. Empeleni, siyazazisa izisebenzi zentela, njengabaxhumanisi abasemqoka emizamweni yethu yokuthi abantu bagcine bezithobelela ngokuzikhethela bona.”

“Ukungathobeli imigomo yentela akunciphisi nje imali engenayo uSARS akwazi ukuyiqoqa kuphela, kodwa kuntengantengisa umkhuba wokuthobela imigomo yentela. Ukuncipha kwemali engenayo kusho ukuthi abantu abahlwempu angeke bakwazi ukuthola izinsiza, ikakhulukazi ngalesi ezidingeka ngazo kakhulu lapho igciwane leCovid-19 lisawumise lubhojzi umnotho.”

“USARS uyaqhubeka nokwenza kube lula kubakhokhintela nezisebenzi zentela ukuthobela imigomo yabo yentela futhi uzoqhubeka nokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abangazimisele ngokuthobela,” kusho uMnu Kieswetter.

Wengeze ngokuthi abakhokhintela bathembe zona izisebenzi zentela njengoba kuyizo ezibenzela lokhu okufanele kwenziwe kanti lokho kwethembana kumele kungaqedwa. Yize iningi lezisebenzi zentela zisebenza ngendlela eyiyo futhi zisiza abakhokhintela, bakhona nalabo abawogombela kwesabo.

UKhomishana uthi abakhokhintela kumele baqaphele uma beqoka izisebenzi zentela futhi kumele babheke ukuthi zibhalisiwe yini kwaSARS ngokuvakashela isizindalwazi www.sars.gov.za

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za